Okwesitatu kwaku yiso esasinezi Nyanga ezine miti ekalipile neya yidumile ekubekeni inkosi esuke izobayinkosi yesizwe noma kodwa bengazangebenziwe onqoshi bezinyanga amakosi ozalo Lwako Senzangakona kodwa babaziwa ngalo musebenzi kulolonke elakwa Zulu.

3 Ngizo buyela ekuzalaneni kwabo nasebekweni kwa makosi abo nabo. Emva koba uGovana abaleke aye eMkomazi uMvakela uyise akabange esabusangenxa yoba leso sikati noma lowo nyaka kwaseku nyaka uTshaka avuka ngawo indhlobane wanqonda ukulihlanganisa lonke ngomkonto. Impi yalwa neka Tshaka enhla noMuhlatuzi eyipatise induna uManjanja wakwa ntombela yonxoshwa eka Tshaka induna yake bayi gwaza emlenzeni. Aba kwa ntombela bangaze bati izibongo zake usepula nsimbana yasema Cubeni ngomlenze. Weyese-tukutela uTshaka eseyileta yena luqobo leyo wangabe esayisa kulelo zibuko elisenhla nomhlatuze lapa ibilwa kona nalapa besebelala kona abase Macubeni bevimbile. Wayi weza ngelima nqondana nase Mtime-mide Kwamagwaza yakupuka ngemimfula ivumahlamvu namapotwe yahlanga-niswa pezulu Kunomangci. Inkosi yese Macubeni kwakuyilanga eyayipume ngalo eNhlatini isikatele ukulala ehlatini ite isapumele pansi kuka nomagci kwatiwanangu uTshaka nempi yake wayesekupuka eqamuka ngase Tshonalanga kano Mangci ute eti dundu nangu uTshaka uyileta uqamuka ngase Mpumala nga kaNomangci. Yane-le yambona nje inkomo ekale emtonjaneni izizwe, zonke ziyizwile ukulila yena pela uTshaka yayisiGiya. Inkosi uMvakela wanele

4 wambona nje uTshaka eqakaza egiya ngamasho amhlope washaywa uvalo wafa kona lapo waye sefikanjalo uTshaka esemenqa nje ngo-Mkuba wakwa Zulu bangaze Bati nje avakwe Zulu ezibongweni zake udandalaze ngokalo luka Nomangci Mntaka Ndaba usibagoje ngale kwe Nkandhla lugojela njalo ludhli ingazi zamadoda ngoba ludhle uMvakela ezalwa uDhlaba akwabandabazaluto, loko kwaba ukuwakokubusa nomakokuzimela kwabaseMacubeni nokwenza sibe pansi kwabozalo lwakwa Zulu. Manje Kwafenela ubakube uMsholoza owayengowakwabo kaMvakela akatatanga sikati wafa washiya amadodana amabili uDuluzana kanye noZokufa. Pakati kwalababantwana kwasuka

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ser 211 K13/143

bati akutelwe u7/- ngendlu wati uSomsewu kobuye kupele. Dukuduku babizwa eshowe batshwelwa ukuba bakipe u14/- ngendhlu babuza ukuti ngapi ngoba wati uSomunsewu iyobuya ipele na? impeNdulo yati upi yena uSomsewu babeye hluleka batela, kuyo yona leyo Minyaka kwakungaseko kuhlalisana kahle pakati KwamaNgisi namaBhunu okwahamba kwahamba baze balwa abese Macubeni ababanganasi wombe kuleyompi yaba Mhlope bodwa noma kodwa bake bahlonyiswa amaNgisi emuva kwabyompi uTlulumeni wabamhlope owaye ngamele yonke iNatal. Wadala uMuteto omusha wokutelisa wati akutelelwe ikunda. Lomuteto wadala okukulu ukufikisana pakati kukaZulu Omunye eti ayitelwe omunye ngeke akufanele ukuvabatelele amakanda abo. Lendaba yenzelwa umihlangano eminingi ezindaweni ezehlukeneyo iziningi izigodi zaquma ukuyitela ezinye zanquma

11 ukuzwa ukuti inkosi uDinizulu utini yena ngayo. AbaseMacubeni Beno Munumuzane wabo obapete banquma ukuti abanakuyitela. Emuva kwalesi sinqumo uSigananda umunumuzane watumela kuDinizulu ukumazisa lesisinqumo sombono wabo bona Macube. Watumela uSondhlovu. Nala wabuya neswi lokuti ayitelwe imali. Kute kuse njalo. Kwasekufika uBambata nempi yake ufika njalo useyibhicile lopela seyiqatile esilungwini Engome. Futi wapinda uSigananda watumela enkosini osutu ukuti utini abantu ababuzi nanguno Bhambata uselapa useyiqatile usexoshwa yiyo leso sesibili isigijimi watumela umfowabo ngonqobo uSiginanda Enkosini igama lake lowo mfowabo. uMbonambi Shezi. Impendulo yati yenkosi Mayitelwe belu imali nayo isiyayitela okwesibili uBhambata akangaGodhlwa makanikelwe kuBelungu. Lihlelingavumeleka lelo le nkosi kuSigananda no mkandhlu wake ono Lunyana kaLuhungu noManganti kaGodide no-Cakijana kaGezindaba namaningi amadoda esifunda sase Macubeni. Dukuduku inkosi ya bona akusisiluto yatumela iNduna yayo uMankulu-mane lowo ke wafika sebegowele uMoya wokulwa kakulu Bengesenandhlela yaka ngenwa batanda ukumenzakabi wabona ukuti akusalungile waxuma wabuyela emuva. Enkosini. Kulesisekati naBelungu aba sekude sebetumele izigijimi eziningi eziti kusiganandа Makakipe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

